

ISIFUNDAZWE SAKWA KWAZULU-NATAL

INKULUMO YESABELOMALI EYETHULWA NGUNGQONGQOSHE WOMNYANGO WEZOBUCIKO, AMASIKO KANYE NEZEMIDLALO KANYE NOKUNGCEBELEKA KWISISHAYAMTHETHO SESIFUNDAZWE

31 MARCH 2011

Somlomo

Ndunankulu ohloniphekile kanye namalunga esiGungwini esiPhezulu

Sekela likaSomlomo

Malunga ahloniphekile

Izihambeli zethu, abaholi bezamabhizinisi, amalunga omkhakha wezemidlalo, abemithombpo yezindaba, bafowethu nodadewethu.

“Ezemidlalo zinamandla okushintsha umhlaba. Zinamandla okuthonya ngendlela enhle. Zinamandla okuhlenganisa abantu. Ezemidlalo zingabuyisa ithemba lapho besekunokulahla khona ithemba”

(Lana ngamazwe ashiwo ngu baba uNelson Mandela ekhuluma emcimbini wezemidlalo iLaureu Sports Awards Ceremony ngonyaka wezi 20000).

Kuyintokozo kimi ukwethula inkulumo yesabelomali sonyaka wezimali wezi 2011/12 soMnyango wezemidlalo nokunGcebeleka. Ukuphumelela kwemidlalo

yendebe yamazwe omhlaba (FIFA 2010 World Cup) eyayingethwe kuleli lase Africa, izinze ezweni laseNingizimu Africa eligqame ngezinto eziningi kunikeza ezemidlalo ithuba lokuba lithuluzi elinamandla okuthonya ngendlela enhle abantu kanye nokubahlanganisa. Ukukhuthaza ukuzibandakanya kwabantu kwezemidlalo kuwowonke amazing kukhuphula izinga lokudlalwa kwebhola emaqenjini esizwe ezingeni lamazwe omhlaba, kuholela emphumeleni omkhulu wezemidlalo, ekwakheni ubumbano emiphakathini kanye nokwakha isizwe.

Asiqhubeke nokuphakamisela phezulu ifulegi lethu sihloniphe usuku lwangoLwesihlanu silunikezele kwezeMidlalo njengomkhankaso wokukhuthaza ezemidlalo. Aseseke ama Proteas (umdlalo we khilikithi nebhola lomphebezo labesifazane), kanye nama Springboks njengoba beya emazweni angaphandle ukuyongqoba umhlaba. UMnyango wasungula ngokuphelele umkhankaso wokusebenzisa usuku lwangoLwesihlanu ukubungaza ezemidlalo olwaziwa nge Magnificent Friday's Campaign. Loluhlelo lwabekwa ngokusemthethweni eKing Zwelithini Stadium eMlazi kamuva nje futhi lomkhankaso ukhombise ukuba yimpumelelo enkulu. Ngalomkhankaso, sakha umgqigqo osemgangathweni kanye nezindaba ezinhle ezikhuluma ngempumelelo. Asigqoke ama jezi ethu akhethekile bese seseka amaqhawe ethu ezemidlalo!

Siyalwemukela uhlelo lokuhlunga i123rd edition of the bi-annual International Olympic Committee (IOC) Session oluzosingathwa eThekwini kusukela mhla lu 1 kuya kumhla ziyisi 9 ku July 2011, nokuyilapho ophumelelelo ohlelweni lokuqoka lwe Olympic Games ezomenyezela khona. Ngesikhathi esifanayo, umnyango uzovula ngokusemthethweni okokuqala iWomen in Sport Indaba, nokuyisithangami sabesifazane kwezemidlalo, lokhu kuhlelwe kwahambisana nemigubho yosuku lwabesifazane iWomen's Day ezoba ngonyaka wezi 2011. Lokhu kuzosinika ithuba lokuba siqhakambise impumelelo yabantu besifazane kwezemidlalo nokungcebeleka, kanye nokubaninka ithuba lokuba bethule lokho okuyizinsalelele zabo ezibathiya ukuba baphumelele ngezinga eliphezulu. Umnyango uzophokophela ukuhlonza abesifazane abazoba ngamanxusa ezemidlalo abazoba ngabaholi bakwazi ukuthonya nokukhuthaza ngendlela efanele abesifazane namantombazane azibandakanye kwezemidlalo.

Ngiyazigqaja kakhulu ngempumelelo yethu ngokwakha usosesheni obumbene owodwa wesifundazwe iKwaZulu-Natal Football Legends Association, futhi ongacwasi kodwa ohlanganisa bonke abadlalo bebhola asebathatha umhlalaphansi, abaphathi bezemidlalo, abasebenza kulomkhakha wezemidlalo kanye nalabo abanothando lokuba yingxenye abavela kwi-National Premier Soccer League (NPSL), National Soccer League (NSL), Federation Professional League (FPL), kanye ne National Football League (NFL). Lokhu kwaba ngumphumela wokubonisana okubanzi kanye nezingxoxo ezaphothulwa esithangamini iKZN Football Legends Indaba eyayibanjelwe eThekwini kusukela mhla zingama 26 kuya kumhla zingama 28 ku Nomvember 2010.

Ngithanda ukuhlonipha amaqhawe ebhola edlule emhlabeni ngonyaka owedlule, uReginald Shelembe (weBush Bucks kanye ne African Wonderers), ngu Henry Mthofi Khumalo owayeqhulula amagoli (we African Wonderers ne Orlando Pirates) kanye no Steve Maseko owaziwa kakhulu ngelika Brixton Tower (we Moroka Swallows ne Maritzburg United). Ubuqhawe babo abungabuni! Ngiyakuqaphela futhi, ukwedlula emhlabeni ngokuzuma kuka Sihlalo weKomidi lasePhalamende lezeMidlalo nokuNgcebeleka uMnu. John Mchunu. Simkhumbula ngokuzinikela kwakhe ekusebenzeleni abantu kanye neqhaza alibamba ekuqinisekiseni ukuthi ezemidlalo nokungcebeleka zifeza imisebenzi yazo yesifundazwe kanye nekazwelonke. Sengathi angaphumula ngokuthula!

Asijabulele impumelelo eseqophelweni eliphezulu yamaqhawe ethu esifundazwe kanye namaqembu ezemidlalo njengoba eqhubeka ekhonya emhlabeni – uJennifer Khwela (othole iSilver medal Artistic Gymnastics, emidlalweni yamazwe ahangene, iCommonwealth Games eDelhi eIndia), uAshim Amla kanye no Imraan Tahir (amaqhawe emdlaweni yendebe yamazwe omhlaba yeKhilikithi), uSiyabonga Sangweni kanye no Thanduyise Khuboni (bobabili beqembu iGolden Arrows futhi ababa ngamalunga aqavile eqembu lesizwe iBafanabafana ngesikhathi seNdebe yaMazwe oMhlaba), uJody Smith umatasa uqhakambisa lelizwe kwezokutshuza olwandle. UZama Cele (we Real City) ube ngumdlali omusha ofakwe eqenjini lesizwe labesifazane iBanyana Banyana elidlale ne Zambia ngo January. UMemory Makhanya kanye no Sanelisiwe Mavundala (amantombazane aseThekwini) afakiwe kwi Banyana Banyana njengoba

beqeqesha nayo e-Stellenbosch. UJustine Palframan ovela Eshowe wathatha indawo yesi 6 kwezokusubatha kwi 200m Semi-Finals emidlalweni ye IAAF World U19 Championships e Canada. UChad Le Clos ne medali yakhe yegolide, wasubatha kwabebanga elingu 200m Butterfly kwimidlalo yeCommonwealth. USibusiso Camagu no Thokozani Sithole baba ngamalunga athola ithusi kwi SA Rugby 7's team kuma Commonwealth Games.

Ukusungulwa kohlelo iGovernment`s Outcomes Based Performance Management Approach, lubeka ngokusobala izinhlelo ezisequlwini eziyingxenye yalokho inhlango iAfrican National Congress ezibophezele ukukwenza. Lendlela, igcizelela isidingo sokuthi zonke izinhlelo zikahulumeni kuwowonke amazing zisebenze ngokubambisana ukuze kuhlangeke nenhloso kahulumeni, okungukwakha isimo sempilo engcono yabobonke abantu baseNingizimu Africa. Igcizelela isidingo okuthi sohulumeni bamazinga ehlukeni, uhulumeni kazwelonke, uhulumeni wesifundazwe kanye nohulumeni basekhaya basebenze ngokubambisana ukuze kuzuzwe lokho okuyizinhloso zikahulumeni. Ezingeni lesifundazwe, ikhuthaza ukuhlela nokwenza izinhlelo ngokubambisana phakathi kweminyango yesifundazwe. Enye yezinhlosongqangi zikahulumeni ezili 12, ukuthuthukisa abahlali bakuleli ngokulingana. Lenhloso ikhuluma ngqo ngemisebenzi esemqoka kakhulu yoMnyango wezeMidlalo kanye nezokuNgcebeleka, futhi neqiniso lokuthi lomnyango uyithuluzi elisemqoka ekutheni sizuze lokho okungumbono wethu wesizwe esisakhayo.

Intsha yanamuhla ibhekene nezimo eziningi ezinzima kunalezo abazali bayo abedlula kuzo kanti abaningi bomele kakhulu usizo. UMnyango wezemiDlalo nokuNgcebeleka uhlose ukusiza intsha (yeminyaka ephakathi kuka 7-25) ngokusebenzisa ezemidlalo, ubuchwepheshe kanye nobuciko, ngezinhlelo ezikoleni, emiphakathini, izimpiko ezithile kanye nasezikhungweni ezithile ezigcina intsha eyaphula umthetho kanye nasemajele. Uhlaka lwezemidlalo iSports for Life Framework, olwemukelwa ngumnyango luhlose ukusebenzisa ezemidlalo nokungcebeleka njengethuluzi lokusimamisa intsha yakuleli kanye nokuyifundisa ukuthi ingabamba kanjani iqhaza emiphakathini yayo. Uhlelo iSports for Life luhlelwe ngendlela yokuthi lufinyelele kwintsha ngokubanzi, kubandakanye labo abancisheke amathuba, banikezwe ithuba lokuzibandakanya kuloluhlelo nabo

bahlomule kuloluhlelo olubanzi lwezemidlalo. Loluhlelo luqhakambisa ukuthi ezemidlalo ziyingxenye yosiko lwanoma yisiphi isizwe, ezokungcebeleka, ezempilo, ezomnotho kanye nezemfundo. Intsha ezibandakanyile izohlomula kakhulu kuloluhlelo oluhlose ukuphucula impilo yabantu. Izinhlelo zokuzivica voca intsha ezibandakanye kuzo, zizokwenziwa zibe yingxenye yempilo yomphakathi, izinto eziningi zizoqhakambiswa ngayo, kanti indlela intsha okuzobungaza ngayo lezizinto, izokwazi ukuchaza ikhono lomuntu ngamunye, amaqembu, yimiphakathi kanye nesizwe uqobo. Iningi lalezizinhlelo zakha usiko lwesizwe lwezemidlalo, okubandakanya ukudlala, ukuba nempilo eyiyo ngokomzimba, ezemidlalo, ukudansa kanye nokunye. Njengoba umnyango usufake loluhlelo ohlelweni lwawo olukhulu lomnyango olubandakanya izinhloso zokuthuthukisa, siyethemba ukuthi ezemidlalo zizoqhubeka njenge thuluzi elengeziwe lokuthuthukisa nokusimamisa uhlelo lokuthuthukiswa kwenstha.

Ngenxa yezinguquko ezisheshayo endimeni yezemidlalo nezokungcebeleka esifundazweni, kanye nendlela entsha esikhona yokusingatha ezemidlalo, umnyango usuthathe isinqumo sokunbuyekeza isakhiwo sabasebenzi bawo. Uhlelo lwakamuva lwesimo sabasebenzi bomnyango seluphasisiwe yi DPSA kanti loluhlelo lwakamuva luzoqala ukusebenza mhla lu 1 April 2011. Nakuba yonke imisebenzi yethu ibihlinzekwa ngokwemiklamo yemingcele kamasipala, ukuhlelwa kabusha kohlaka lwabasebenzi bomnyango kanye nohlelo lokuhlela kabusha izinhlelo zomnyango okwenziwe ngesikhathi kubuyezwa ukusebenza komnyango, kwenze saqinisekisa ukuthi, sihlela uhlaka lwabasebenzi kanye nemisebenzi yomnyango ngokwe Provincial Spatial and Economic Development Strategy kanye nokuhlinzeka imisebenzi yemiphakathi ezingeni lama wadi.

ISABELOMALI SOMNYANGO SONYAKA WEZIMALI WEZI 2011/12

IGAMA LOHLELO	IMALI EHLINZEKIWE R '000
Uhlelo loku 1: Ukuphatha	78,057
Uhlelo lwesi 2: Ukusingathwa kwezemidlalo	280,276
INANI ELIPHELELE	358,333

UKUPHOKOPHELA EKWAKHENI ISIZWE ESINOMDLANDLA NEMPILO

Imali engu R24, 225 million njengemali eyisibonelelo izonikezelwa uhlelo iSiyadlala Mass Participatio Programme, okuluhlelo olukhulukazi lwesizwe oluhlose ukunxenxa isizwe ukuba sizibandakanye kwezemidlalo ngenhloso yokulungisa indlela yokuphila yesizwe, ukugwema ingozi esimweni sabantu sempilo, ukugwema ukusabalala kwegciwane lesandulelangculazi, ubugebengu, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, izifo okubandakanya kuzo umfutho ophezulu wegazi, isifo senhliziyo kanye nesifo sofuba. Loluhlelo luhlose ukulungisa izinkinga zesikhathi samanje instha ebhekene nazo kanye nomphakathi wonkana. Loluhlelo luzogxila kakhulu ezindaweni ezihlinzwe nguhulumeni njengalezo ezisalele emuva kakhulu kwezentuthuko, okuyizindawo zasemakhaya nalezo ezikhungethwe kakhulu yindlala. Loluhlelo luzophinda futhi luzame ukwehlisa izinga lobubha ngokuthi luqashe intsha eneminyaka esukela kweli 18 kuya ku 35 ubudala.

Loluhlelo luqukethe ithala lezinhlalo kulo, ezinikeza amakhono kanye namathuba okuzibandakanya okuyikhona okukhuthaza intsha ekutheni izibandakanye ezinhlelweni ezakha isimo esihle sempilo. Loluhlelo luhlinzekwa ngezikhungo zezinhlalo ezili 106 ezisungulwe kuma wadi. Izikhungo zihlinzeka amakhono okuthuthukisa impilo entsheni emiphakathini yayo. Isikhungo ngasinye sizothola amathuluzi okusebenza ukuze sikwazi ukuqhuba izinhlalo zaso. Isikhungo ngasinye sinomqondisi waso bese kuba nabanye abayisi 9 abaqondisa izinhlalo ezithile zaso. Lababaqondisi bezinhlalo kulezizikhungo, bazoqeqeshwa kabanzi mayelana nemisebenzi abazoyenza okuzobandakanya ukuqeqeshwa mayelana nokuqonda intsha uma isesezingeni layo lokukhula, ukuvikela ukusabalala

kwegciwane lesandulelangculazi nengculazi kanye nokwelashwa kwesifo sofuba, ukuvikela intsha ekukhulelweni okungahleliwe, ukunakekela izintandane, abantu abakhubazekile kanye nabantu abadala, ukuphepha emgwaqeni, ukulwa nokuhlukumeza okwenzeka emindenini, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ukuvikela ubugebengu kanye nokukhuthaza usiko lokwakhiwa kwesizwe kanye nokuqonda imisebenzi kahulumeni kanye nokwazisa umphakathi mayelana nemisebenzi kahulumeni. Abasebenzi abathile bazoqashwa ngaphansi kwezinkontileka ngenhloso yokuthi basize intsha ukuthi icabange futhi iphokophele okuhle kuphela nokuya phambili ngokuthi bashintshe indlela yayo yokuziphakatha besebenzisa ezemidlalo nokungcebeleka. Umqondisi ngamunye walezizikhungo uzoqashwa ngaphansi kwenkontileka yonyaka owodwa futhi athole imali eyisibonelelo ngenyanga ezoba phakathi kuka R2, 072 kuya ku R3 500. Ngesikhathi lababaqondisi balezizikhungo bephuma kuloluhlelo, ezikhaleni zabo kuzongena enye intsha ezobe isiqeqeshiwe ngaphansi kohlelo lweNtsha engamaNxusa olusingethwe eHhovisi likaNdunakulu.

Umnyango uzophinde ufeze umsebenzi wokukhuthaza abantu ukuba baphile impilo eyiyo usebenzisa izinhlelo zezokungcebeleka zokuSebenza kanye nokuDlala, abantu abadala abanomdlandla kanye nokufunda nokudlala.

Inhlanganisela yezinhlelo zentuthuko eziqhakambisa impumelelo yemidlalo yeNdebe yaMazwe oMhlaba ye FIFA ngonyaka ka 2010

Ngesikhathi kuqhubeka inkulumompikiswano mayelana nemiDlalo yeFIFA yaMzwe oMhlaba ka 2010 kwisiShayamthetho saKwaZulu-Natal ngomhlaka 28 July 2010, uMhlonishwa uNdunankulu uDkt. Zweli Mkhize wabika mayelana nokuphumelela kwemidlalo yendebe yamazwe omhlaba ye FIFA. Wagcizelela ubumqoka bokuthi lempumelelo kumele igcinwe njengenqophamlando futhi kube nohlelo oluzokwenanela imidlalo yendebe yamazwe omhlaba ka 2010 futhi kube nezinhlelo ezizokwenziwa njengengxenye yezinhlelo zonyaka ka 2010 nangemuva kwawo. Ngesikhathi ekhuluma neKomidi elabe lihlela lemidlalo, uNdunakulu wamemezela ukuthi, uMnyango wezemidlalo kanye nokuNgcebeleka yiwona okuzomele uhole izinhlelo zokugubha umlando walemidlalo yendebe yamazwe

omhlaba ka 2010 esidlule, ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi inzuzo yalemidlalo ye FIFA yamazwe omhlaba ngonyaka wezi 2010 itholwa yiwowonke umuntu.

Ngenxa yalokhu, umnyango ususungule uhlelo olubiza nge Integrated Development Strategy, okuyilona oluzothwala umsebenzi wokubungaza umlando walemidlalo yamazwe omhlaba yeFIFA ebikuleli ngo 2010. Izinhloso zaloluhlelo ukusungula lokhu:

- Uhlelo lokuhlonza amakhono kanye nohlelo lokuthuthukisa zonke izinhlangothi zomphakathi ikakhulukazi intsha, abakhubazekile, abesifazane kanye nemiphakathi yasemakhaya;
- Uhlelo oluzokwazi ukuhlinzeka izidingo zabadlalii kanye nabaqeqeshi kwezemidlalo;
- Ubudlelwane obuphusile futhi obuhle nezikole, yimifelandawonye yezemidlalo, yizinhlangano ezingasebenzeli inzuzo, ohulumeni bezindawo, uhulumeni wezifundazwe kanye nokazwelonke, izikhungo zemfundo ephezulu kanye namavolontiya;
- Ukutshala izimali ekukhuthazeni ezemidlalo kubantu abakhubazekile ngokusebenzisa isikhungo sezemidlalo sabantu abakhubazekile iDisability Sport South Africa (DISSA) kanye nezinye izikhungo ezeseke lomsebenzi kanye namakilabhu akhuthaza ezemidlalo kubantu abakhubazekile;
- Ukukhuthaza ukwenziwa kocwaningo kanye nokuqapha abadlali ngokubambisana nesikhungo iProvincial Academies of Sport kanye nezikhungo zemfundo ephezulu ezihlonzwe njengeziyisizinda sezemidlalo;
- Ukuhlinzeka ukusingatha okuphusile, izidingo eziyizinsiza kanye nezeluleko ngenhloso yokusiza imifelandawonye yezemidlalo ekutheni ikwazi ukusingatha uhlelo lokuhlonza abadlali nokuba nezinhlelo ezisebenza ngokusemgangathweni kusosonke isiFundazwe saKwaZulu-Natal;
- Ukukhuthaza ukukhuphuka kwezinga labaqeqeshe bezemidlalo KwaZulu-Natal kanye nokukhuthaza ukuhlinzekwa kwamathuba okuthuthukiswa kwabaqeqeshi kanye nokuqoka imikhakha yezemisebenzi;

- Ukukhuthaza izinhlelo ezithuthukisa abadlali abanekhono, okuhlose ukuthuthukisa abadlali kuyoyonke iminxa kanye nokwakha isimo sokuthi abadlali benze kangcono umsebenzi wabo.

Uhlelo lomnyango lwebhola elisemazingeni aphantsi iGrassroots Football Development Programme luzogcizelela ubumqoka bokuthi, ukuthuthukiswa kwebhola lezinyawo ezingeni lekilabhu kuyisidingo esikhulu ekutheni kuhlangukshwane nezimfuno zokuthuthukiswa kwabadlali. Loluhlelo luzosungula ama ligi aqhubekayo kusukela kwabaneminyaka engaphansi kweli 12 kanye namagembu abaneminyaka engaphansi kweyisi 19. Loluhlelo lwakhelwe phezu kwesisekelo esiwukuthi, ukuthuthukiswa kwabadlali kumele kuqale ezingeni lekilabhu. Amakilabhu kumele azihlele ngendlela yokuthi akwazi ukubhekana nezidingo zabadlali, aqaphele ukuthi ikilabhu ngayinye inamazinga amaning kanye nezidingo eziningi zabadlal. Ukuhlela, ukulungiselela kanye nokuphathwa kwe kilabhu angeke kwehlukaniswe kubadlalo kanye nasemdlalweni uqobo, kodwa, kumele kuhambisane. Loluhlelo lwenziwe ngenhloso yokubhekelela lezidingo futhi lozokwakha uhlelo olusimeme lokuhlonza abadlali abanekhono kanye nabaqeqeshi. Loluhlelo luhlanganiswa ngokubambisana ne SAFA kanye nabanye abadlali. Ngokuhamba kwesikhathi, siyoqinisekisa ukuthi abaqeqeshe ezingeni labasafufusa baneziqu ezifanele zokwenza lomsebenzi. Uhlelo iGrassroots Football Development luzokhuthaza izinhlelo zokuthuthukiswa kwentsha kanye nezikole kanye nokuqinisekisa ukuthi abaqeqeshi abaneziqu ezifanele bayaqashwa kulelizinga. Amaqhawe ebhola asathatha umhlalaphansi azoba ngumgogodla waloluhlelo futhi bazoba ngabaholi abayisibonelo ekushintsheni indlela yokuziphatha entsheni.

Umnyango uqhubekela phambili nezinhlelo zokusungula umncintiswano iPremier's Football Cup, nokuyilapho kuzodlala khona amaqembu asezingeni esifundazweni Amaqembu okubalwa kuwo, Amazulu FC, Golden Arrows, Thanda Royal Zulu, Martizburg United kanye ne Nathi Lions azotshalwa ezindweni ezithile zesifundazwe lapho ezokwakha khona isasa kwezemidlalo emiphakathini yethu.

Lomqhudelwano (Premier's Cup) uzoba ngumphumela wezinhlelo zethu okuhloswe ngazo ukuthuthukisa ibhola lezinyawo kanye nokunakekela amakhono kusukela ezingeni lama wadi kuye ezingeni lesifundazwe.

UMnyango uzibophezele ekukhuphuleni amasokisi njengoba uhlanganisa izinhlelo zesifundazwe zezemidlalo ngemuva konyaka wezi 2010 kanye nezinye izinhlelo ezikhona ezihlangana nezinye izinhlelo zesifundazwe okuhloswe ngazo ukusimamisa umnotho. Loluhlelo lufeza izinhloso ezimbili, ukubungaza ngempumelelo umlando wemidlalo yeFIFA yamazwe omhlaba ka 2010 kanye nokuthuthukisa isifundazwe ngokwakha amathuba emisebenzi kanye nokubamba iqhaza kwezokuvakasha.

KUSUKELA EKHONZENI IKHONO KUYE EKUSEBENZENI OKUSEQOPHELWENI ELIPHEZULU

Ukutshala izimali komnyango ohlelweni oluyinhlanganisela yezinhlelo (Integrated Development Strategy) kuhloswe ngakho ukwakha isimo esizovumela abantu abaningi bemiphakathi kanye nezikole bazibandakanye ezinhlelweni zemidlalo. Luluhlelo luhlinzeka uhlaka oluqondisa zonke izinhlelo zethu ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi ezemidlalo zingu mongo wezinhlelo zokuthuthukisa impilo yabantu. Luhlinzeka izinhlelo zezentuthuko ngokuhlonza amakhono kuzozombili izingxenye, ezikoleni eziqhuba ezemidlalo kanye nabamele ezemidlalo kanye nabaqeqeshi kanye nabanye endimeni yezemidlalo kubandakanye nabaphathi bayo. Uhlelo lwethu olumayelana nokwenza ngokusemngathweni kwezemidlalo lusimamisa uhlelo lwezokuqhudelana kwezemidlalo. Umsebenzi osemqoka owenziwe kuloluhlelo, ukusungula izikhungo zokufunda ngezemidlalo okuhlose ukubhekelela ukuhlonzwa kwamakhono, ukuthuthukiswa kwawo kanye nezinye zokusebenza ngokusemngathweni kwezemidlalo.

UMnyango wezemidlalo kanye nokuNgcebeleka ubambe iqhaza elikhulu ekuthuthukiseni impilo yabantu, ukhuthaza okuseqophelweni futhu ubamba iqhaza ekuthuthukiseni kanye nasekulethweni kwezinguquko emiphakathini. Siziqhubeka nokwakha ubudlwelwano nezinhlangano zezemidlalo kanye

nezinhlango zezokungcebeleka ngokwesekela izinhlelo abaqhamuka nazo kaye nama kilabhu emiphakathi kanye nezinye izinhlelo ezilusizo. Ngonyaka wezimali owedlule, sinikezele imali engu R6m kwizinhlangano zezemidlalo ezingama 35 ngenhloso yokwesekela izinhlelo zawo zokuthuthukisa ezemidlalo. Ngonyaka wezimali wezi 2011/2012 imali engu R8.6 million kumele inikezwe izinhlangano ezingasebenzeli inzuzo kanye nezinhlango zezemidlalo zesifundazwe ngenhloso yokwesekela intuthuko kanye nokusimama kwezinhlelo, ukuqhutshwa kwezinguquko kanye nokuhlonza amakhono okuhambisna nokuphokophela ukuzuzo okuseqophelweni eliphezulu.

Uhlelo i-Integrated Development Strategy luhlose ukuqinisekisa ukuthi imifelandawonye, izinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni (NGO) kanye nohulumeni basekhaya bahlinzeka lemisebenzi elandelayo ezindaweni ezincisheke amathuba zemiphakathi:

- Izinhlelo ezicacile ezihlonza amakhono, okumele zikhombise ukuthi abantu basemakhaya kanye nentsha encisheke amathuba bazobandakanywa kanjani.
- Imifelandawonye ibamba iqhaza mayelana nezinhlango zezemidlalo ezikoleni ngenhloso yokwakha ubudlelwane phakathi kokuhlonza ikhono kanye nokudlala ngezinga elisemgangathweni.
- Ukuthi imifelandawonye isungule futhi isebenzise imigomo elawula ukuqokwa kwamaqembu ezemidlalo okumele ihambisane nemigomo yazo kazwelonke. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi uhlelo lwezinguquko oluphusile luyasenbenza, ukwakha ubudlelwano phakathi kwalokho okuyizidingo kanye nokuthuthukisa.
- Imifelandawonye yezemidlalo kumele yakhe izinhlelo zokuncintisana ukuze banikeze abadlali abanekhono ithuba lokuncintisana kuwowonke amazing ezentuthuko, ukuqala ngokuncintisana ezikoleni, ezikhungweni zemfundo zamabanga aphezulu, ezingeni likazwelonke, ezingeni

lamanye amazwe, ezingeni lezwekazi, kanye nasezingeni lamazwe omhlaba. Ngalokhu, umnyango uyocacisa umsebenzii woMkhandlu wezeMidlalo wesiFundazwe ukuthi usebenze njengomqaphi.

- Ukwesekwa kohlelo iSupport for the Club Development Programme, oluxhaswe ngaphansi kohlelo Legacy Programme (Conditional Grants). Uhlelo lokuthuthukisa amaqembu ezemidlalo iClub Development, luhlelo lukazwelonke oluhlose ukukhuphula izinga lokuzibandakanya kwabantu kwezemidlalo nokungcebeleka emazingeni aphansi, ezingeni elilula, okuyi kilabhu. Loluhlelo (Club Development) luthuthukisa abadlali ohlelweni iMass Participation Programme. Loluhlelo luzosebenza namakilabhu angama 249 ezindaweni ezincisheke amathuba futhi luzokwakha amathu emisebenzi, ukuqeqeshwa kwabezemidlalo kanye nokuhlinzeka ngezidingo kuwowonke amakilabhu azibandakanyile. Loluhlelo, luyingxenywe esemqoka yohlelo iMass Participation Programme, olukhuthaza abantu ukuba bazibandakanye kwezemidlalo.
- Inhloso yethu izolokhu igxile ekwakheni amathuba okwenza kahle kwabantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile. Umnyango uzogxila kakhulu kulawo maqembu abantu okumele ahlomule kulezizinhlelo zentuthuko. Umnyango uzoba ngumbambiqhaza okhuthale futhi ozinikezele ekukhuthaseni ukulingana ngokubamba iqhaza kwi National Youth Run ngokubambisana neComrades Marathon Association ne KwaZulu-Natal Athletics, yiWomen's 10km challenge, kanye nemidlalo yabakhubazekile esingathwa ezingeni likazwelonke kanye nelesifundazwe ezinhlelweni zentuthuko. Sizozhubeka nokweseka izinhlangano zezemidlalo ekusingatheni imicimbi yezemidlalo KwaZulu-Natal –okubandakanya kuyo iComrades Marathon, Dusi Canoe Marathon, SA National Aquatics Championships, Midmar Mile kanye ne Amashova Durban Cycling Classic. Sizozhubeka nemizamo yethu yokuqinisekisa ukuthi abadlalo abavela ezindaweni ezincisheke amathuba bayakwazi ukufinyelela kwezemidlalo futhi benze kahle kulezizinhlelo zemidlalo emikhulu.

Ukuhlinzeka amathuba okwenza kahle ngokusebenzisa imidlalo yokuthuthukisa

Imidlalo yase Ningizimu Africa (SA Games) izosingathwa esiFundazweni sase Limpopo kuwo lonyaka ka 2011. Imali yalemidlalo ihlinzekelwe kwi-Conditional Grants kanti imali engu R6m isibekwe eceleni ukuze kwenziwe uhlelo lokuhlunga, amalungiselelo kanye nokweseka i Team KwaZulu-Natal. Lemidlalo iluhlelo olusemqoka kakhulu ekukhuphuleni izinga lomsebenzi wethu wokukhiqiza amaqhawe ezemidlalo, kanye nanjengohlelo lokuthuthukisa kanye nokuvuselela umuzwa osushabalala wezemidlalo kanye nosiko lokudlala entsheni.

Lemidlalo izonikeza intsha evela ezindaweni ezahlukahlukene ithuba lokuzibandakanya ohlelweni olunezinhlalo eziningo zemidlalo kanye nokuveza ikhono kanye nobuchule kwezemidlalo. Ingikithi yaloluhlelo ukuqinisekisa ukuhlanganiswa kwezemidlalo eyahlukene yabasubathi abakhubazekile kanye nezemidlalo jikelele. Into esemqoka mayelana nokuthi loluhlelo lufeze lokho okuyizinhloso zikahulumeni, ukuhlanganiswa kwezinhlelo zesikhungo iProvincial Sport federations, yizinhloso zentsha kanye nezikole.

UMnyango usuphenduke umbambiqhaza okhuthekile ekuhlelweni kwemidlalo ye Kwanaloga. Singene ngokuphelele kuzozonke izingxenye zokuhlelwa kwalemidlalo futhi sizibophezele nangezimali ekuqinisekiseni ukuthi ukuqhutshwa kwaloluhlelo kanye nokusimama kohlelo lwezemidlalo kuyimpumelelo. Lena yimidlalo yokuthuthukisa abantu okuhloswe ngayo ukukhuthaza intsha esiFundazweni kusuka emazingeni aphansi kuya ezingeni lamazwe omhlaba kanye nokukhuthaza ukubambisana nababambiqhaza abathintekayo. Inhloso noma okungumbono ngalemidlalo, ukusimamisa isimo sezemidlalo kanye nokuthuthukisa amakhona akhona kwezemidlalo kubobonke omasipala baKwaZulu-Natal kanti futhi lemidlalo isebenza njengentuba yentsha yokungena emiqhudelwaneni yezemidlalo ezingeni lesifundazwe, kuzwelonke kanye nasezingeni lamazwe omhlaba. Lemidlalo inikeza ithuba elifakanyo izinhloso ezisimeme kanye nalezo ezingakasimami ithuba lokungena.

Zombili izinhlelo zemidlalo yokuthuthukisa intsha, zihlinzeka ithuba elihle lokuqhuba uhlelo lwezemidlalo olubhekene nempilo iSport for Life Programme

kanti umnyango uzosebenzisa lelithuba ukusebenzisa intsha engamanxusa esanda kuqeqeshwa ukuthi ithonye intsha ekutheni ishintshe indlela yokuziphatha.

Ukuxhasa izikhungo zokuFunda ngenhloso yokwandisa amathuba okuthuthukiswa kwentsha ekutheni abe semgangathweni kwezemidlalo

Ukutshala izimali noma ukuxhasa noma yiluphi uhlelo lwezokufunda njengengxenywe yohlelo lokubungaza umlando wemidlalo yendebe yamazwe omhlaba, kulindeleke ukuba kuthole izithelo ezinhle njengoba umnyango ubambisene ne Sport and Recreation South Africa (SRSA) kanye ne South African Sports Confederation and Olympic Committee (SASCOC) ekuqinisekiseni umgangatho ekwenzeni amalungiselelo emiqhudelwano yamazwe omhlaba. Kunesidingo esiphuthumayo somnyango sokuthi usebenze ngokubambisana nezikhungo zezemfundo ephezulu ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi abadlali abasubathi ababencisheke amathuba bayakwazi ukuthola izinhlelo abazongena kuzo, nokuthi bathole amathuba okuhlolwa isimo sabo, ukuhlolwa kwezempilo, ukuncintisana kanye nokwesekelwa mayela nokudla okunempilo, ukuqeqeshwa okusezingeni eliphezulu futhi eliholela ekusubatheni okuseqophelweni eliphezulu kanye nokuncintisana nje.

Ukwakhiwa kwezikhungo zokufunda ngezemidlalo kuhloswe ngakho ukubhekana nenselele yokukwazi ukuhlonza, ukuthuthukisa kanye nokugcina intsha enamakhono ezomela hayi kuphela isikole sayo noma iKwaZulu-Natal kanye nezwe lonke nakwimincingtiswano ezingeni lamazwe omhlaba. Loluhlelo luzoba nesabelomali esingu R10 million esizobe singaphansi kohlelo iLegacy Programme (Conditional Grants).

Esikhathini esiyiminyaka eminingi esedlule, besiphonselwe inselele ukwentuleka kwamathuba kulabo abancisheke amathuba nabasezindaweni zasemakhaya ukuthi bakwazi ukuba yingxenywe yalezizinhlelo okubandakanya kuzo isayensi yezemidlalo, izinhlelo ezifanele zokudla okunempilo, ucwaningo kanye nokusingathwa kokulimala. Nakuba sinaso isikhungo sokufunda ngezemidlalo, kodwa asinalo uhlelo lokuqeqesha, ukuthuthukisa kanye nesikhungo esibhekene

namakhono asezingeni eliphezulu (Performance Centre) lapho abasubathi abanekhono abangakwazi ukuya khona. Umsebenzi owenziwa yisikhungo sokufundisa, uzonwetselwa kwezinye izinhlelo kanti usuzotholakala kwezinye izikhungo ezinhlanu. Sifuna ukuvula lesikhungo ngokubambisana nalaba ababambiqhaza abalandelayo: imifelandawonye yezemidlalo esifundazweni, yizifunda kanye nomasipala, yi Provincial Academy of Sport, yizikhungo ama Further Education & Training (FET), yisifundazwe, yizifunda kanye nemikhandlu yezindawo, yizinhlangano zezamabhizinisi, ababambiqhaza ezingeni likazwe lonke kanye nasezingeni lamazwe omhlaba.

Ukusungulwa kohlelo i-Integrated Development Strategy, oluyinhlanagnisela yezinhlelo zentuthuko, luphendula isidingo sabadlali besifundazwe sethu sokuba bakwazi ukunqoba izimo eziyinqaba okubandanya isimo sempilo, ezezimali kanye nemingcele kwezamasiko. Kulelizinga, okubonakala kushoda kakhulu, yizinziza ezifanele kanye nohlelo olubhekele ukweseka abadlali. Sibona amazinga aphansi abantu abakufanele ukwenza umsebenzi. Ngakho, izikhungo zokufundisa ngezemidlalo zizosebenza njengezikhungo zokuhlazeka usizo, ukwedluliselwa kwamakhono ezemidlalo kanye nokugxila ekusingatheni kahle lezozinsiza zezemidlalo ezikhona. Kumele futhi ziqaphe loluhlelo, futhi zakhe isibonelo esihle, zakhe amathuba amaningi ezokuqeqesha nokuncintisana, ukwakha isimo sendawo esihle kanye nokwenza ukuthi kusebenzeke nezikhungo zezindaba, lokhu kuzokwakha isimo esihle sokuthi abadlali bethu bakwazi ukuncintisana. Izingqalabutho zezemidlalo ziyoba semqoka kakhulu ekusebenzeni kahle kwaloluhlelo. Umnyango uzoqasha labo ababengabadlali bezemidlalo ezingeni eliphezulu ukuze babambisane ne-KwaZuluNatal Football Legends Association, ukuze kuhlazekwe izinhlelo zokuqeqesha kwezemidlalo, ukuthuthukisa kanye nezinhlelo ezicija abantu ngezindlela ezifanele zokuphila.

UKUVUSELELA EZEMIDLALO EZIKOLENI

Umnyango uzohlazeka imali engu R 30,550 m ezobhekana nohlelo lokuvuselela ezemidlalo ezikoleni. Lemali izothathwa ohlelweni lwemali eyisibonelelo

iConditional Grants School Sport Mass Participation Programme (SSMPP/Legacy) kanye nasohlelweni iJunior Sport Sub-Programme.

Siqalise uhlelo olubanzi lokuvuselele ezemidlalo ezikoleni, ikakhulukazi ezindaweni ezisemakhaya nasezikoleni ezisemalokishini. Ngiyesekele kakhulu uhlelo lokubuyisela ezokuzivocavoca ezikoleni njengengxenye yezifundo, kodwa sizodinga ukufaka lokhu ohleni lwezinto okuzokhulunywa ngazo noMnyango wezeMfundo. Uhlelo oluhlelwe kabusha lokukhuthaza ukuzibandakanya kwabafundi kwezemidlalo ezikoleni i-School Sports Mass Participation Programme kumele luqale ukusebenza kulonyaka wezimali njengohlelo olukhethekile lokungenelela komnyango ohlelweni lokuvuselela uthando lwezemidlalo ezikoleni ngokuthi kwehlukaniswe izikole ngamaqoqo, kwakhiwe izinhlelo zezemidlalo ezahlukene kanye nama ligi. Sizovuselela izinhlelo zokuncintisana ngokwenza izithangami zokuncintisana ngemidlalo kusukela ezingeni lesifunda kuya kwelikazwelonke. Loluhlelo luzosebenza ngokubambisana nezinhlelo zethu zezingane ekuhlinzekeni uxhaso ekutheni izikole ziqhudelane, ukuthuthukiswa kwazo kanye nezinhlelo ezibhekele abakhombisa amakhono aphezulu kubafundi.

Inhloso ephelile yaloluhlelo lwezikole ukukhuphula amaphesenti ezingane eziphakathi kweminyaka eyisi 5 kuya kweli 16 esifundazweni ezizosebenzisa okungenani amahora amahlanu ngesonto zizibandakanye ekuqeqeshweni nokuthuthukiswa kwezemidlalo, kanye nasohlelweni lwezemidlalo njengengxenye yezifundo ezikoleni. Ngokusungula uhlelo lwesifundazwe lokuvuselela ezemidlalo ezikoleni, uMnyango wezemidlalo kanye nokuNgcebeleka ulindele ukuba kube yiwona odlala indima enkulu ekwesekoleni uMnyango wezeMfundo ekufezeni imisebenzi yaloluhlelo. Ngihlele umnyango ngendlela yokuqinisekisa ukuthi, ubudlelwane obusemqoka buyenziwa nababambiqha abasemqoka, okubandakanya iSports and Recreation South Africa (SRSA), uMnyango wezeMfundo, yimifelandawonye yezemidlalo esifundazweni kanye nezikole, kanye nokuqhamuka nendlela ephusile yokuqhuba loluhlelo lwezemidlalo ezikoleni.

Loluhlelo luzobandakanya lokhu okulandelayo:

- Ukubuyekeza nokwemukela uhlaka lokuvuselelwa kwezemidlalo ezikoleni okumanje lwenziwa yi Sports and Recreation South Africa (SRSA).
- Uhlelo lokukhuthaza ukuzibandakanya kwabafundi ezikoleni luzohlelwa kabusha bese luqhutshwa ezikoleni ezingama 440 kulawo mawadi ahlonziwe. Isikole ngasinye kulezi sizohlinzekwa ngemali engu R25, 000 ukuze sibhekelele lokho okuyizidingongqangi kwezemidlalo kanye nemifaniswano ukuze luhambe kahle loluhlelo. Loluhlelo luzokwakha amathuba emisebenzi angama 63 entsheni engaqashiwe ezoba ngama Cluster Coordinators njengoba izikole zizohlukaniswa ngamaqoqo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi zenza kahle kwiligi.
- Ukuhlinzekwa kahle kwemisebenzi yohlelo lwezemidlalo ezikoleni luzoba ngumsebenzi wemifelandawonye yezemidlalo kanti umnyango uzoqala ukuqapha kanye nokubuyekeza ukuhamba kwaloluhlelo nomphumela walo wokusebenza.
- Umnyango uzogcizelela kakhulu ekusungulweni kwezinhlobo ezahlukene zezemidlalo ezikoleni. Ukusungula izithangami zokuqhudelana ngezemidlalo (leagues) ngokugxila emidlalweni ethile kanye nokuqinisekisa ukuthi usuku uLwesiThathu kanye noLwesiHlanu ziba yizinsuku abafundi abazibandakanya ngazo kwezemidlalo.
- Abafundisi bazothuthukiswa ekutheni bakwazi ukuhlinzeka ezemfundo kanye nezemidlalo ezikoleni. Yibona abazoba ngumongo walezizinhlobo zezikole zezemidlalo kanti lokhu kuzokwenza umfundisi aqhube loluhlelo ngendlela esimeme.
- Ukuhlanganisa amakilabhu – ukuthuthukisa ubudlelwano phakathi kwamakilabhu ezikoleni kanye namakilabhu entsha emiphakathini ngenhloso yokusiza intsha ukuthi ikwazi ukuqhubeka nezemidlalo nakuba isiphumile esikoleni.

- Ukuqeqesha – ukwenziwa kwemisebenzi ethile ekhethekile yezokuqeqesha ibeka abaqeqeshi ohlelweni lwezikole lwezemidlalo, kuphinde futhi kusize ekuthuthukiseni amakhono entsha emidlaweni ethile. UMnyango ozosebenzisa abantu ababedlala ibhola ezingeni eliphezulu (KZN Legends) ekutheni kube yibona abazohola loluhlelo.
- Ukuqhubeka nokuthuthukisa ulwazi – ukuhlinzeka ithuba kothisha kanye nalabo ababengene kwezemidlalo ezingeni eliphezulu ekutheni bahlomule ulwazi olunqala ngokuthi bahambele izinhlelo zokuqeqesha nokuthuthukisa.
- Ukukhubazeka – Ukuhlinzeka amathuba kwezemidlalo kubantu abakhubazekile ngokusungula amakilabhu ezindaweni abakuzo kanye nasezikoleni, ukukhuphula izinga lokubandakanya abantu abakhubazekile kwezemidlalo. Ukuhlinzekwa kwalomsebenzi obhekelele abakhubazekile, kuyophinde kubhekelele ukwakhiwa kwezinkundla kanye nezinye izinhlelo ezibhekelela izidingo zabantu abakhubazekile.
- Isiphiwo nekhono – ukuthuthukisa abadlali abanekhono kanye nokubanikeza usizo olwanele kanye nezinhlelo zokuthuthukiswa abazidingaypp ukuze babe ngamaqhawe akusasa. Umnyango uzoqala umsebenzi wokwenza amalungiselelo kanye nokuhlinzeka usizo ekuqokeni amaqembu adlala imidlalo ethile ukuze angene kwisithangami sokuqhudelana ngezemidlalo kuzwelonke.
- Abafundi abaqokiwe ukuthi bamele lelizwe ohlelweni lwezemidlalo i-International Age-Group Tournaments bazokwesekelwa ngohlelo lwethu olubhekelela izingane kwezemidlalo i-Junior Sport Sub-Programme.
- Ingqalasizinda – Ukuthuthukisa izingqalasizinda zezikole kuyasiza ukwandisa amathuba entsheni ekutheni izibadakanye kwezemidlalo.
- Ubuholi kanye kuvolontiya – ukusungula izinhlelo ezikhaliphile ngenhloso yokukhuphula izinga lentsha ezibandakanya ohlelweni lwamavolontiya

kanye nobuholi, okuyinto ezozuzisa izikole, amakilabhu, imiphakathi kanye nayo uqobo intsha.

- Ukuqaliswa kohlelo i-Farm Schools Rural Development Programme ngokubambisana noMnyango wezeMfundo. Ukuhlinekwa kwezinsiza zokusebenza, imicimbi yezomculo kanye nezithangami zokuqhudelana ngezemidlalo ngenhloso yokuphucula imiphakathi.
- Umnyango uzonxenxa izinhlangano zemiphakathi ukuba zeseke uhlelo lokuVuselelwa kwezemidlalo eziKoleni.

Izinguquko

Izinguquko kwezemidlalo ludaba olukhulunywe kakhulu kwizinkulumo-mpiukiswano kusukela kwaqala intando yeningi. Ukuhlukaniswa kwabangena kwezemidlalo ngezibalo ezithile kwabonakala sengathi kuzokhawulezisa uhlelo lwezinguquko, kodwa kuyacaca ukuthi lokho akusebenzi. Ushintsho kumele lube khona kusukela phansi, okusho ukuthi ushintsho kumele luqale ezingeni lesikole. Sidinga ukubuyekezwa kwemigomo elawula izinguquko ebhekene ngqo nezindaba ezithinta ukuhlinzekwa kwamathuba ngokulingana, ukulingana, ithuba lokufinyelela kwizidingo, ithuba lokwenza kahle kanye nokubusa kukahulumeni kahle.

Izindawo ezisemqoka umnyango okumele ugxile kuzo ekwenzeni izinguquko kumele kube yilezi:

- Ukwenza wonke umuntu akwazi ukufinyelela kwezemidlalo nokungcebelela, ukuhlinzeka izidingo zezemidlalo, ukuthuthukisa intsha ngamakhono adingakala endimeni yezemidlalo, ukubuyekeza impumelelo esiyenziwe ohlelweni lokuletha izinguquko, ikakhulukazi kwezemidlalo nokungcebeleka,
- Ukwesekela ukubuyekezwa kwakabusha kwe Transformation Charter yi Sports and Recreation South Africa (SRSA) ne South African Sport Confederation Olympic Committee (SASCOC) ngokubambisana nemifelandawonye yezemidlalo kanye nababambiqhaza kwezemidlalo.

UMnyango wami uzobamba iqhaza kulokhu bese ikubandakanya ezinhlelweni zawo ukuze kube yingxenye yohlelo lwesifundazwe lokwenza izinguquko esikhathini esinqunyiwe, “Provincial Sport & Recreation Turn-around Strategy”.

- Ukuqinisekisa ukuthi izinguquko ziyenzeka ezikoleni, emazingeni entsha kanti lokhu kuzoholela ekuhlonzweni kwamakhono uma kwenziwa amalungiselelo okuzibandakanya kwentsha ezinhlelweni zamazinga aphezulu.
- Ukukhawulezisa izinguquko ngokuhlinzeka izimali zokusimamisa izinhlelo ikakhulukazi ezindaweni ezincisheke amathuba kanye nasezindaweni ezisemakhaya.
- Ukuqinisekisa ukuthi bonke abadlali banamathuba afanayo ekutheni benze kahle kwezemidlalo ngokuthi kwenziwe ucwaningo mayelana nezinhlelo ezingasetshenziswa yimifelandawonye yezemidlalo kanye nezikhungo zezemidlalo esifundazweni kanye nakuzwelonke.
- Ukunikeza umsebenzi uphiko lwethu lokuqapha nokubuyekeza ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi ziyahlangabezana nezinhlelo zokulethwa kwezinguquko ngokwezivumelwano nemifelandawonye yezemidlalo mayelana nokuhlomula lokho okuhlosiwe.

UMnyango wami uzibophezele ekutshaleni izimali ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi izinguquko ziyenzeka kusukela phansi kuya emazingeni aphezulu. Amazwe aphumelelayo kwezemidlalo, yilawo anezinhlelo ezihlelekile neziqotho zokuhlonza amakhono bese ezihlanganisa nezinhlelo ezibanzi futhi ezisimeme zokuthuthukisa lawo makhono abadlali ahlonziwe.

Ukuthuthukiswa kwezingqalasizinda

Ukwentuleka kwezingqalasizinda zezemidlalo kuzoqhubeka nokukhinyabeza impumelelo ezinhlelweni zokuqinisekisa ukukhawulezisa izinguquko

kwezemidlalo. Sidinga ukuqinisekisa ukuthi izingqalasizinda zezemidlalo ziyafakwa ezinhlelweni ezintsha zokwakhiwa kwezindlu kanye nokwakhiwa kwezikole ezintsha kuhambisane nezingqalasizinda zezemidlalo, njengoba ukuzivocavoca umzimba kudlala indima esemqoka ekuthuthukiseni ingane ngokuphelele.

Uhlelo lomnyango lokuthuthukisa ezemidlalo kanye nezokungcebeleka ngakwezezingqalasizinda luzogqama kakhulu ngokwakhiwa kwezingqalasizinda ezingumgogodla, okubandakanya izinkundla zemidlalo ezisingatha izinhlobo ezahlukenene zemidlalo nokwakhiwa kwabusha kwezingqalasizinda ezikhona ngokubambisana nezikole nomasiapala. Loluhlelo luhlose nokubheka ukuthi sizigcina kanjani zisesimweni izingqalasizinda ezivele zikhona. Umnyango uxoxisana nababambiqhaza mayelana nezindlela ezingcono zokuthola usizo lokunakekelwa kwezingqalasizinda ezikhona bese silungiselela imiphakathi yethu ukuba kube ngumsebenzi wayo ukuthi ivikele izingqalasizinda zemidlalo ekutheni zingacikelwa phansi. Ukwethulwa ngokusemthethweni kohlelo lwezingqalasizinda kanye nemicimbi yokwedlulisela izingqalasizinda emiphakathini, kuluhlelo lokuxhumana nemiphakathi oluhlose ukuqwashisa imiphakathi mayelana nokungenelela kukahulumeni ngokuhlinzeka izidingo zayo. Umnyango uhlinzeke izingqalasizinda eNkandla (indawo yokubhukuda eQhudeni), KwaDukuza (Chief Albert Sports Complex) kanye nase Ndumo eNgwavuma. Emasontweni ambalwa ezayo sizobe sinikezela ngezingqalasizinda kulezizindawo, Ezakheni, Ulundi Stadium, Vulindlela (uMhlathuze), Kokstad, Umzimkhulu kanye nakumasipala Ingwe.

Kamuva nje singene esivumelwaneni esikhethekile nenkampani ekhiqiza utshwala iSouth African Breweries (SAB), sokuthi kwakhiwe izinkundla zezemidlalo ezizosetshenziswa yimiphakathi ezinhlelweni zayo zokuthuthukisa ezemidlalo kanye nokukhuthaza impilo efanele. Inkampani uSAB izoxhasa ngemali engu R650, 000 ekwakhiweni kwengqalasizinda ngayinye kwezizokwakhiwa kulezizindawo, eMbumbulu, eMzumbi/Mnamfu, kwa Nongoma/eNyokeni, Umvoti/Chief Albert Luthuli nase Mbabazane/eHlathikhulu.

Uhlelo lokuthuthukiswa kwezingqalasizinda luhlose ukuhlanganisa izinhlelo zikahulumeni ezivele zikhona njengohlelo iMass Participation ne School Sport

Mass Participation ngalezizingqalasizinda ezintsha nalezo ebezikhona kodwa esezakhiwe kabusha. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi lezizingqalasizinda ziyasetshenziswa nokuthi izinhlelo ezithile zezemidlalo ziyaqhubeka emiphakathini.

Ngonyaka wezimali wezi 2011/2012 umnyango uzokhawulezisa uhlelo lokuhlinzekwa kwezingqalasizinda zezemidlalo kanye nokungcebeleka ngokubambisana nomasipala nezikole. Uhlelo lwethu lokuthuthukiswa kwezingqalasizinda luzoholela ekwakhiweni kwezinkundla zezemidlalo ezili 16, izinkundla zezemidlalo ezihlanganisa izinhlobo ezehlukene zezemidlalo ezili 11 kanye nezinye ezili 15. Umnyango uzohlinzeka ngezindawo zomphakathi zokuzivocavoca ezi 4 ngenhloso yokukhuthaza ukuthuthukiswa kwentsha kanye nokukhuthaza ukuphila impilo enhle. Kuze kube manje, uhlelo lomnyango lokutshala izimali ekwakhiweni kwezingqalasizinda sekuholele ekutheni kube khona izingqalkasizinda ezili 150 zezemidlalo ezidle imali engu R180 million. Inselele manje ukwandisa lezizingqalasizinda ezikhona kanye nokuthuthukisa amakhono asemqoka ekusizeni abadlali ukuze bakwazi ukudlala ezingeni eliphezulu. Kuzogcina kufike ezingeni lapho lezizinhlelo zibandakanya uhlelo lokuthuthukiswa kwezingqalasizinda okuhambisana nokuxhaswa ngezimali kohlelo lokuvala igebe phakathi kwalabo abanama khono nabangenawo ekusingathweni ezemidlalo, ekueqeqsheni kanye nasekusingatheni abemithombo yezindaba.

Ngiyaleseka ikhwelo likaNgqongoshe kazwelonke lokuxhaswa kwezingqalasizinda ngaphansi kohlelo lomasipala iMunicipality Infrastructure Grant (MIG), okuluhlelo olubhekene nezingqalasizinda zezemidlalo okuluhlelo okumele lushintshele eMnyangweni wezeMidlalo nezokuNgcebeleka kanye nezeMfundo.

Uhlelo iSport for Life

Uhlelo loMnyango iSport for Life Programme luzosebenza ngokuphelele ekufundiseni intsha ngamakhono, impilo efanele kanye nokuzilungiselela umsebenzi. Ezindabeni ezithinta ezempilo kanye nesimo sokuphila esihle ezidinga

ukuba kukhulunhywe ngazo kubandakanya kuzo, izifo ezithathelanayo ngokocansi, yigciwane lesandulelangculazi nengculazi, yizidakamizwa, ukuzibulala, ukukhubazeka, kanye nobugebengu nodlalme. Kuzovulwa amathuba kuvulelwe intsha ukuze ithathe lamathuba ikhombise lokho engakwenza okuhambisana nayo. Kuzokhushulwa umfutho wokugxila kwezemfundo kanye nokwakha amathuba emisebenzi ngenhloso yokusiza intsha ukuthi iyeke ukuzibandakanya emikhubeni eyingozi njengobugebengu, ukuzibeka emathubeka okuhaqwa yigciwane lesandulelangculazi nengculazi kanye nokukhulelwa okungahleliwe. Ngenxa yaleliphuzu, inhloso yaloluhlelo iSports for Life angeke kube ngukwakha amaqhawe amasha ezemidlalo kanye nokuthuthukisa ezemidlalo, kodwa, kuzoba ukusebenzisa ezemidlalo nokungcebeleka ekuthuthukiseni ngezinga elibanzi intsha.

Ngonyaka wezimali wezi 2011/2012 umnyango uzosungula iYouth Club System ngenhloso yokuthuthukisa impilo kanye nesimo senhlalo yentsha ngokuthi izivolontiyele yona ukuzibandakanya kwezemidlalo nokungcebela, okuyinto ehambisana nesimo sayo sempilo. Umnyango uzobheka ukuthi yini edingakalayo ukushintsha indlela intsha ecabanga ngayo, ukuzahlulela kabi kanye nokulandela imikhuba emibi yokuziphatha. Lezizikhungo zizosungulwa kuma wadi athile kuzozonke izifunda ezili 11 nokuyizona umnyango ohlinzeka kuzo imisebenzi yomphakathi. Lezizikhungo zizoba semasontweni, ezikoleni, ezikhungweni zezemfundo ama FET colleges noma kwizingqalasizinda zemidlalo futhi kuyomele umphakathi ukwazi ukufinyelela kuzo. Imali yokuqhuba uhlelo iSports for Life engu R121 million izovela ohlelweni lwezimali ezivotelwe kanye nemali yezibonelelo.

Inhloso ukusebenzisa isimo esihle esakhiwa ngezemidlalo njengesithangami sokubhekana nezindaba ezithinta igciwane lesandulelangculazi nengculazi, ukukhulelwa kwentsha, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ubugebengu, udlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane njll. Umqeqeshi weMpilo uzokwenza umsebenzi osemqoka esikhungweni njengomholi futhi uzoba sethubeni elihle lokuthola izidingo zomuntu ngamunye kanye namathimba. Ubumqoka babantu besifazane nabo buzobamba iqhaza elikhulu, futhi siyobheka ukuthi singasebenzisana kanjani nezinhlango ezeseke abesifazane kwezobuholi, ngokusebenzisa ezemidlalo, singaqinisekisa ukuthuthukiswa kwentsha sizise

ekutholeni imiphumela emihle ekulweni nesifo sesandulelangculazi nengculazi kanye nezinye izinselelo zempilo.

Uhlelo iSport for Life Programme luhlose ukuthuthukisa abasebenzi abaqashwe ngezinkontileka ngaphansi kohlelo lwethu iMass Participation Programme njengamaNxusa ayiNtsha, okusho ukuthi, kuzophothulwa uhlelon lweHhovisi likaNdunankulu lokqeqeshwa kwentsha engamanxusa.

UKwakha amathuba emisebenzi

Umnyango ususungule izindlela zokwakha amathuba emisebenzi, sibeke eceleni imali engu R60,4 million ezoxhasa uhlelo lokwakhiwa kwamathuba emisebenzi. Izingqalasizinda yizona ezingumgogodla ekwakheni amathuba emisebenzi ngokwenziwa kwezinhlelo zokwakha, ukulungisa izakhiwo zezemidlalo kanye nezokungcebeleka, ukuqashwa kwabasebenzi bezinkontileka, ukuqhuba izinhlelo okuyi Mass Participation ne Sport for Life kanye nokuqashwa kwezihlabani esezathatha umhlalaphansi kwezemidlalo (Football Legends) ezizosebenza ukuzingela amakhono, ukuqhuba izinhlelo zemidlalo, ukuqeqesha, ukuhlaziya imidlalo, ukusingatha izithangami zemiqhudlwano yezemidlalo emazingeni aphantsi ezebholi lezinyawo elisathuthuka kanye nohlelo lwezikhungo zokufundisa ngezemidlalo, ukuqashwa kwabantu ngokugcwele lapho kunezikhala khona ohlakeni lwabasebenzi bomnyango.

Ukukhuphula amathuba ezokungcebeleka kuwowonke umuntu ukuze baphile impoilo efanele

Umnyango uzibophezele ngokuphelele emgomweni “wokwakha amathuba emisebenzi azohlomulisa wonke umuntu” Ezokungcebeleka zingasetshenziswa njengethuluzi lokukhuthaza ukuzwana phakathi kwezinhlanga ezehlukene, ukwakha amathuba obuholi kanye nokwakha isizwe esinempilo. Ezokungcebeleka zisemqoka kakhulu ekukhuthazeni abantu ukuba bazibandakanye nezemidlalo.

Ezemidlalo zinamandla amakhulu okubamba iqhaza ekwakheni isimo esihlelekile, ukusimama okuphelele, ukwakheka kwamathuba emisebenzi, ezemfundo

nokuqeqesha kanye nesimo esihle sezempilo yomphakathi. Kuyasiza ekwehliseni izinga lokwenyuka kwemali eyisibonelelo kanye nemali esetshenziswa nguMnyango wezeMpilo ekuthuthukiseni impilo yabantu kanye nokuqinisekisa impilo enhle kubantu abadala. Ibamba iqhaza ekuzwaneni komphakathi ngokuthi inqamule imigoqo ephazamnisa ukuxhumana, zikhuphula izinga lokuqasheka kwabantu nokuzibandakanya komphakathi ezinhlelweni ikakhulukazi intsha.

Ngokubanzi nje, izinhlelo zezemidlalo kanye nezokungcebeleka ezihlelwe kahle zonga nezimali njengoba zibamba iqhaza kwezempilo, ezemfundo kanye nokuthula, kanti ziphinde zibe yinkundla enhle yokuxhumana nemiphakathi ngenhloso yokwedlulisela imibiko esemqoka. Umnyangoi uhlinzeka lomsebenzi wokuqeqesha abantu ukuba baphile impilo efanele ngokusebenzisa izinhlelo zokungcebeleka okubandakanya lezizinhlelo, Work and Play, Active Seniors, Recre-Hab, Learn and Play kanye ne Siyadlala Mass Participation. Kulindeleke ukuba kuhlomule abantu abayizi 290,000 ezinhlelweni zokungcebeleka ezingama 301. Umnyango uzokhipha imali engu R 9.5 million okuyimali ezobhekelela uhlelo lokuwakha imiphakathi enempilo.

Ukutshalwa kwezimali kwezokungcebeleka kuhloswe ngakho lokhu:

- Ukuthuthukisa imiphakathi ukuthi izibandakanye uma kuhlelwa izinhlelo zezokungcebeleka, ukuze izokwazi ukunakekela izingqalasizinda zayo ezibe yingxenye ekwakhiweni kwazo.
- Ukuqinisekisa izinhlelo zezokungcebeleka lapho wonke umphakathi ukwazi ukufinyelela kuzo. Ezokungcebeleka kumele zivuleleke kuwowonke umuntu kungakhathaliseki ukuthi ungowabuphi ubulili, iminyaka, ubuhlanga, ulimi, isiko, uhlangothi lwezepolitiki, ukuthi uzibandakanye naziphi izinhlelo, ukukhubazeka kanye nesimo somuntu uqobo.
- Lezizinhlelo zizobhekelela kakhulu abakhubazekile kanye nabantu abasezindaweni zasemakhaya uma kuhlinzekwa izinhlelo ezintsha.

- Ukwakheka kwamathuba nokuhlinzeka imisebenzi yomphakathi ngokusebenzisa izinhlelo ngokwakha ubudlelwalo nezinhlangano zomphakathi kanye nalezo ezizimele.

Ukuthuthukisa amakhono abantu bethu ngezinhlelo zentuthuko

Isikhathi esichithwa kwezemidlalo kanye nokuzivocavoca kwezemfundo singathuthukiswa ngezindleko eziphansi ngaphakathi nangaphandle kohlelo lwezifundo zezikole. Ukwentuleka kwezinhlelo zezemfundo ezibandakanya ukuzivocavoca kuseyinto esikhathazayo ezikoleni eziningi. Umnyango uzohlinzeka ngezidingo ngenhloso yokuthuthukisa ezemidlalo kubafundisi ngokuthuthukisa izinga lokusebenzisana phakathi kwemifelandawonye yezemidlalo kanye nezikhungo zezemfundo okumele zesekelwe yizikhungo zemfundo esemazingeni aphezulu. Umnyango angeke ugcizelele ngokwengeziwe ubumqoka bokuqinisekisa ukuthi intsha yabadlali ihlinzekwa ngemfundo esezingeni eliphezulu elilingana nezinga lokuqeqeshwa kwayo kwezemidlalo. Intsha ekwezemidlalo esuka ezindaweni ezisemakhaya eqhudelana nentsha esemadolobheni ibhekana nobungozi ngenxa yesimo sayo esibuthaka ngenxa yokuncisheka amathuba. Uhlobo lokuqeqesha ngezemidlalo oluhlinzekwa yizikhungo zezemfundo kanye nemifelandawonye kumele lube sezingeni eliphezulu ukuze luqikekele uluphazamisi umoya wabadlali, lungaphazamisi ukufunda kwentsha eqeqeshwayo kanye nogqozi. Umnyango uzonikela ngophiko lwawo lokuqapha nokuhlaziya ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi kuhlinzekwa izinhlelo eziseqophelweni.

Inhloso yezinhlelo zomnyango ukuthuthukisa amakhono abandakanya ukucwaninga ngezinqalasisinda ezikhona, ukuhlonza izidingo zokuqeqesha, ukuthuthukisa izinhlelo zokuqeqesha kanye nokwakha amasu okuqhuba umsebenz wokuqeqesha National Qualifications Framework (NQF) ngenhloso yokukhuthaza amazing emukelekayo ezokuhlinzekwa kwemisebenzi yomphakathi, lokhu kuzokwenziwa ngokuvikela ukuthi abantu abaqeqeshwe emkhakheni othile bangagcini sebekwenye indwo.

Izinhlelo zomnyango ezihlongoziwe kulomkhakha zizogxila kulezizinhlelo zokwakha:

- Ukuthuthukisa amakhono okusebenza ngenhloso yokulungiselela abesifazane ekutheni bakwazi ukuhola/bathathe izinqiumo ezinhlanganweni zemidlalo.
- Abaqeqeshi abagxile emikhakheni ethile okumele basebenze namaqembu entsha/ amaqembu amakhulu esifundazweni.
- Abasebenzi kwezemidlalo emkhakheni wezokuba ngonompempe kanye nabahlola imidlalo.
- Abaphathi kumakilabhu, abaxhasi, abasingathi bemicimbi, abaphathi bamaqembu, ezokungcebeleka kanye nakweminye imikhakha okubandakanya kuwo amaqembu asesehlatini nalawo asedlala ezingeni eluphezulu.
- Ukuhlinzeka izinhlelo zamakhono ngempilo kubobonke abadlali beqembu ngenhloso yokuthuthukisa izinga labo lokudlala ngokubambisana ne KZN Academy of Sport kanye nezinye izinhlaka noma ososesheni
- Ukungena kwentsha kwizinkontileka ngaphansi kohlelo i Mass Participation Programme nokuyilapho izothola khona ukuqeqeshwa ngezemidlalo nendlela yokuziphatha.
- Ukubandakanyeka kwabafundisi (educators) ohlelweni lwezikole iSchool Sport Mass Participation.
- Umnyango uzoxhasa ukuthathwa kwabafundi abali 10 ukuba bazothola ithuba lokwenza umsebenzi ngqo abawufundelayo, kanti bese kuba ngabafundi bamabanga aphansi abazozobuka indlela yokusebenza, lokhu kuzokwenziwa ngaphansi koPhiko oluSingethe isiNdaba zaBasebenzi nokuThuthukiswa kwabo.

Umnyango uzothatha abantu abayizi 12 000 abazohambela izinhlelo zokuthuthukiswa okuzodla imali engu R 27,513m. Ukuze kuqinisekiswa ukuthi amathuba emfundo ayatholakala kulabo abantula izimali kodwa abanekusasa, umnyango ubeke eceleni imali engu R500, 000 ezoxhasa intsha engekho emnyangweni, njengohlelo lomnyango lokufinyelela emiphakathini. Lemali izokwengeza kwengu R300, 000 ebekelwe imifundaze yabasebenzi abavele bengaphakathi emnyangweni ngenhloso yokubathuthukisa. Loluhlelo olungenhla lwemifundaze luzoqhutshwa luPhiko olubhekele ukuthuthukiswa kwabasebenzi.

Ukukhuthaza ubumbano emphakathini kanye nobuzwe ngezemidlalo yomdabu

Imidlalo yomdabu inikeza ulwazi mayelana nemikhuba yamasiko amaqembu ehluhlukenene esifundazweni futhi uqinise okungamagugu komphakathi, usikompilo futhi akhombisa ubuhle bokwehlukhluka kwabantu. Imidlalo yomdabu iluhlelo olukhulukazi lwe-African Renaissance, okuluhlelo lokwakhiwa kabusha kwezekazi lase Africa. Umnyango uhlela ukuqhuba loluhlelo kusukela emiphakathini yesifundazwe kuya ezingeni likazwelonke. Ukuzibandakanya emidlalweni yomdabu kugcizelela ukuthuthuka ngokwesimo somzimba, ukuqeqeshwa ngamakhono, ukugcizelela okungamagugu omphakathi kanye nokuxhumana phakathi kwemiphakathi. Inselelo ekhona manje ukucinga nokubuyisa lemidlalo eligugu empilweni yawowonke umuntu okungabe wonke umuntu uyazibandakanya ekuyidlaleni, okubandakanya kuyo lena, Lintonga, Morabaraba, Jukskei, Dibeke, Ncuva, Khokho, Uggathhu kanye ne Kgati.

Umnyango uzoqalisa uhlelo lwawo lweMidlalo yoMdabu ngalezizinhlelo:

- Ukwethula imidlalo yomdabu eyisi 8 ezindaweni ezingama 56 zokuhlinzeka imisebenzi yomphakathi.
- Ukwethulwa kwemicimbi kwizifunfa ezili 11 ezobandakanya intsha eyizi 5 500

- Ukwethula imicimbi yezifunda kanye nesifundazwe ezobandakanya intsha eyizi 1 500 Ukubamba iqhaza kwe Team KwaZulu-Natal emidlalweni yomdabu ezingeni likazwelonke.
- Ukusingatha uhlelo lokwakhiwa kanye nokusebenza kwemikhandlu yezifunda, isifunda ngasinye kwezili 11, kanye nososesheni bomdlalo ngamunye kweyisi 8 eseqhulwini.
- Ukusungulwa kwemidlalo eqoka amaqhawe emidlalweni yomdabu (Indigenous Club Championships) kuwowonke amawadi.

Lababadlali kumele bathathwe kuwowonke ama wadi/izifunda kulandelwe imibandela yezinguquko ngakwezobulili. Inhloso yomnyango ngalemidlalo yomdabu ukukhuthaza ukuphila impilo efanele kanye nokuhlanganisa abantu bamasiko ehlukeno nabavela ezimwenno ezingafani.

Isiphetho

UMnyango uthatha ezemidlalo nokungcebeleka njengethuluzi elisemqoka lokuthuthukisa, ngakho-ke usuqinisekise ukuthi wonke umuntu uyafinyelela ezinhlelweni zezemidlalo kanye nokungcebeleka emiphakathini, kungakhathaliseki ukuthi umuntu usuka kwimuva elinjani. Sizoqinisekisa ukuthuthukiswa kwezinhlelo zezemidlalo nezingqalasisizinda emiphakathini encisheke amathuba kanye nasezindaweni zase makhaya nasekuqhubeni izinhlelo ezizokwakha amathuba entsha, ikakhulukazi abesifazane kanye nabakhubazekile.

Sidinga abantu abakwazi ukwenza umsebenzi, kanye nabanamakhono okusebenza ngezanga eliphezulu ukuze siqinisekise ukuthi sinohlelo olusimeme lokuhlinzeka imisebenzi yezemidlalo kanye nezokungcebeleka. Amakhono ethu okusebenza azobandakanya amasu ethu amahle okuhlela, ukuqapha kanye nokubuyekeza, ukuqhuba izinhlelo ngokubambisana nokwakha ubudlelwane nezinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni, yimifelandawonye yezemidlalo kanye nezihlangano zomphakathi. Umnyango uzibophezele ngokungenamkhawulo ekuxhaseni uhlelo lwezemidlalo nezokungcebeleka olusimeme KwaZulu-Natal, olukhuthaza ukuzibandakanya, oluthuthukisa

amakhono futhi oluxhasa isimo sempilo yabantu namaqembu ngokusebenzisa izinhlelo zesifundazwe sethu.

Ekugcineni ngifisa ukubonga uMhlonishwa uNdunankulu uDkt. ZL. Mkhize ngobuholi bakhe neziqondiso zakhe onyakeni owedlule, usiHlalo weKomidi lePhalamende kwezemi Dlalo nokuNgcebeleka uMnu. NL Mkhize kanye namalunga eKomidi lePhalamende ngokuzibophezela kwalo nokungixhasa ezinhlelweni zomnyango. Ukubonga kwami futhi kudlulela kubaphathi bomnyango abasezingeni eliphezulu kanye nabobonke abasebenzi bani ngendlela abasingathe ngayo izinselelel ebezibhekene nomnyango. Siyajabula kakhulu ngamalunga endima yezemidlalo kanye nabemithombo yezindaba ngemisebenzi yabo ekuqinisekiseni ukuthi abadlali bezemidlalo, abesilisa nabesifazane bayaqhubeka nokuthuthukisa imikhakha yabo nokuphokophela ezingeni likazwelonke nelamazwe omhlanba. Ngizothanda futhi ukubonga kakhulu iNhlango yabesiFazane yeAfrican National Congress ngokuqhubeka njalo nokungesekela nokungikhuthaza. Malibongwe!

Okokugcina, ngizwakalisa ukubonga okusuka enhliziyweni nokuncoma umndeni wami ngokungibekezelela kulomsebenzi kanye nakho konke abaphoqelege ukuba bedlule kukho ukweseka mina.

Nkkz. W.G. Thusi, MPL

Uqongqoshe wezobuCiko, Amasiko kanye nezeMidlalo nokuNgcebeleka